S.44. (1) **Umthimba (Native Wedding).** R.S. Ndlovu.

1. (a) Ukuganwa kwezinsizwa kwaZulu: (b) Nokugana kwezintombi zakwa Zulu.

1. Njengoba kuyaqondakala ukuthi izinsizwa kwaZulu beziphuma njalo ziyoqomisa emifuleni nasemahlathini nxashane izintombi ziyokha amanzi kumbe ziyotheza: Kanjalo beziqonywa kanjaloke intombi esiqomile ibiye ilethe impahla eqoma ngayo. Kumenywe izintombi nezinsizwa zakubonsizwa nezakubontombi. Bezihlanganela esigcawini lapha zizothathela khona impahla. Intombi ibiza notshwala nazo zonke izinto ezinambithekayo zokuqeda ukoma. Kufikwa lapho esigcawini kungonyelwane. Kuqale izintombi zaku bontombi zisine. Impahla bisiyagaxwa esokeni. Lisukume isoka nezakubo libongele ngengoma, lisina lishaya isicathulo nezintombi zigida zighuqhumbela. Upheleke loyomdlalo lapho. Kanjalo isoka selizode liyosomisa entombini yalo. Ekhaya lofike liyikhishelwe izintombi ezindala zakhona njengoba isoka sela zinika ~~aba~~ okwala okuthiwa "isiphandlu" ziyikhipha ziyibeke kulo isoka esihlahleni.

Bekuthike, nxashane intombile iyintandokazi ensizweni ibisi funa ukuba izogana kubo. Loku phela nokuba kusukela ensizweni kugcinwa uyise oyena emlobolelayo ufana wakhe. Iyesaba insizwa ukutshela uyise. Kanjalo isizoncenga unina noma omunye nje umuntu ukuba amkhulumele kuyise. Yena ubefike

2. avume noma angavumi mangayithanxi intombi. Nayobelu intombi njengoba uthando luyayishisa: futhi sebezwana nesoka - isuke ihambe yeqe kubo iyekogana ibivunula isidwaba sayo sikanokusho, ithathe intombazane eyimpelekisane yayo - ziye.

Iphuma ekhaya sekuthi ziba ifike ewayo (emzini) selimathunzi. Ifika ingene ngesango ngakwesokukhohlo yenyuke njalo ize ime iqondane nendlu engasenhla. Ifika lapho ibambelele emadolwenini ngezandla zombili. Bathukuyibona abalapho bahlabe umkhosi wokujabula bethi "ki,ki, ki, wahlatswa ntombi! bayibuze ukuthi ize kubani imusho. Ithi ingavunywa umnumzane ibisingeniswa endlini enikwa yona. Kugcwale izintombi nezinsizwa zizoyibona. Kungene ukudla idle impelekisane yona intombi ilale saka'. Ngaphandle kokudla. Ivuke ekuseni iye emfuleni

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S.44. Mayisibuyela ekhaya izongena ngesandla sokhohlo ime lapho enhla nezindlu. Bafike abafazi bayembathise njengoba seloku ifikile yembethe isidwatshana esinqeni. Lengubo embathiswa yona iyayigubuzela ekhanda. Ibuyele endlini leyo. Balethe ukudla ingakudli ilane saka ize inikwe imbuzi okuthiwa "yindlakudla." Lembuzi iyayibeka ibize izintombi zakubo ukuba zizoyihlaba ziyidle. Phela yona ayiyidli inyama yasebulanda ingakagcagci. Yoze inikwe ukuyidla isiyagcagca - isingumfazi ngempela wakhona.

3. Ingubo leyo ihlinishiswa ngayo. Isiyocakuzela emva kwezindu yembozile ekhanda njalo. Phela akahambi emagcekeni angaphambili.

Kanjalo ithe ukuba ifike ivunywe maqedane uyise wathuma umuntu kubo ukuba ayoyibika. Yena ubefike athi "Funela nganeno wena wasekuthinithini" Athuba ahlale phansi athi "Ngisho ngenkomo ithize." Uyise wentombi usezosho izinkomo azifunayo ngengane yakhe ukuba amunike phela okaSibani amendisele. Ibuye namazwike leyondeda ebithunyiwe. Ibuya nje isilandelwa izintombi ezizodla indlakudla imbuzi yazo leyo. Kuyasuka se/kuhamba intombi lena nabasewayo sebeyisa izinkomo lezo kubo kantombi. Bafike basho besekude bathi "Wena mngani! Wena wasekuthini'. Sifika nezinkomo ezithile; bezisho ngemibala: Sizocela isihlobo esihle, sicela umntanakho usendisele yena. Besebenikwa indlu abazongena kuyo. Kuhlatshwe kuphuzwe - phela abayeni ngempela manje. Babuye nezwi likayise lomgcagco. Sebefika becwilisa imithombo yotshwala becece. Ithi ingaphuma ingaphuma kuthunywe isigoloza ukuba siyosho kuyise ukuthi akavumele intombi izogida yena usefuna imikhonto yakhe neyamadodana ukuba akhiphe indodakazi leyo eya kogcagca. Abako wakhe sebefikile ba/zophuca umakoti ukuba athun e inkehli bamthunge njalo loko sekuyokhokhwa umyeni. Kuyise. Uyise amncagise umntanakhe ngembuzi idliwe.

4. Seluphuma njalo udendwe lukhishwa isigoloza (umhlaleli isigolozolo) nasi emnyango. Bamphatha kanzima umhlalisi lona. Yena unikwa ucansi lwakhe ahlale kulo. Unikwela imbuzi ebandla eyofika nomthimba mhlazane kugcagcwayo.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S.44. Umthimba lona uzophuma inyanga yethwese. Uphuma nekomo
Cont. okuthiwa, "eyziboma". Ihlatshwa kubo mak ti ibisihambe iphonswa emizini engakubo kamnyeni. Ungene ekhaya le kubo kamnyeni. Kungakalalwa. Njengoba bazowuvimbela esangweni - uzofike uphonse "iziboma" kanye nokunye okufunwayo. Ungeniswe endlineke umthimba unikwe imbuzi okuthiwa "isiwukulu" nenye okuthiwa "eyomnyango". Izintombi nezindzwa seziyadla, seziyaphuza, seziyahlabelela, seziyathombisa So! sekukuhle ngengxoxo. Ziqhudelene kunjalo nje. Lezintombi zomthimba kaziyekile ukuhlabelela zifuna imbuzi yamangebeza kumkhwenyana.

Icece! - Umgcagco!

<u>Kuyagidwa!!!</u>

END S. 44.